# USARS wemukela isimemezelo semali eqoqiwe se-MTBPS

**01 kuLwezi 2023** – UPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (SARS) luyasemukela iSitatimende Saphakathi Nonyaka Senqubomgomo YesaBiwomali (i-MTBPS) esethulwe ePhalamende namuhla nguNgqongqoshe Wezimali, uMnu Enoch Godongwana, ebesibukeza iSabiwomali sangoNhlolanja 2023 semali eqoqwayo yentela esilinganiselwa kusukela ku-R 1 787.5 billion kuya ku-R 1 730.4 billion.

USARS uqhubekile nemisebenzingqangi yokuqoqa konke lokhu okumele kuze esikhwameni sikahulumeni. Ngengxenye yokuqala yonyakamali yombuso esikuwo, siqoqe imali engu-R1 016.3 billion, ekhule ngo-4.5% kwaba nensali engu-R1.0 billion uma kuqhathaniswa nesilinganiso seSabiwomali sangowezi-2023. Lokhu kwenziwe ukuqoqwa kwemali kulezi zintela i-VAT, Ilevi yezibaseli kanye ne-PIT – okulekelelwe kancane ukuqoqwa okwehlile kwe-CIT njengoba inzuzo yezinkampani ilokhu ingaphansi kwengcindezi. Ngaphandle kosizo lwethu, uhlakakusebenza lwemali yombuso ngabe lungaphansi kwengcindezi enkulu.

Lokhu kuyindaba emnandi kanti kunika ithemba ngesimo esikuso esisiphonsela inselelo. Ngokuzinikela okukhulu uSARS usufake isandla emnothweni ngokukhokha izimali ezibuyela abakhokhintela ezinyangeni zokuqala eziyisithupha zonyakamali yombuso zemali elingana no-R212.2 billion, enyuke ngo-R24.6 billion phezu konyaka owedlule engaphezulu kunesilinganiso seSabiwomali sowezi-2023 ngo-R30.1 billion.

Ku-R172.1 billion, ukukhokhwa kwemali ebuyayo ye-VAT zifake 81% kuyo yonke imali, ekhulile uma iqhathaniswa neyangonyaka owedlule ngo-R21.5 billion. U-84% wezimali ezibuyayo ze-VAT zikhokhwa ezinsukwini ezingama-21, okuyisibalo esinyukile uma siqhathaniswa nesangonyaka owedlule sika-77%. Kodwa-ke, njengazo zonke izisebenzeli eziqoqa imali, izimali ezibuyayo ezingavumelekile nezingumgunyathi zilokhu ziqhubeka nokukhathaza nakulo nyaka, uSARS uvimbele ukukhokhwa kuka-R45 billion. Okubalulekile ukuthi sivimbele ukukhokhwa kuka-R45 billion emva kokuqinisekiswa kwezinto ebezenziwa ngokusebenzisa ubuSingabuhlakani i-*Artificial Intelligence*. Izimali

ezibuyayo ezingavumelekile nezingumgunyathi ziyaqhubeka nokuba yinkinga, kumele sibhekane nalo mkhuba.

Kuyakhuthaza ukuthi imali eqoqwe nguSARS ngokuthobela esikhathini esilinganayo kube nomthelela omkhulu nokuholele ekuncipheni kwemali eqoqwayo ngo-R20.5 billion kulandela ku-R118.4 billion wemali eqoqiwe, okungukuthi ngaphandle kwayo ngabe ukushoda okungu-R29.1 billion ebizokwenza ibe ngaphezulu kuka-R49.6 billion.

Kuze kube namuhla, Imali Yokuthobela eqoqiwe uma iphelele ibe ngu-R118.4billion eyeve ngo-R26.0 billion (28.1%) kune-YTD PY. Le mizamo ibe negalelo emalini ephelele yeNtelantengo (engu-R28.6 billion), imali ephelele ye-PIT (R18.4 billion) kanye nemali ephelele ye-CIT (R18.9 billion).

Izindawo ezisemqoka okugxilwe kuzo zibandakanya:

- R11.9 billion wokuhlola okubuyekeziwe okuvela kumafomu ayi-1.12 million aqinisekisiwe, enyuke ku-Y/Y yanyuka ngo-R5 billion (70%).
- Cishe ngu-R40 billion owatholakala ngokusombulula amacala okugqogqwa kwesikweletu angu-440k, enyuke ngo-R4 billion (±12%) ku-Y/Y.
- R2.3 billion otholakale ngokuphenywa kwamacala empahla engemthetho kanye namacala okubanjwa kombuso ngobhongwana angu-181 asaqhubeka, amacala angu-27 adluliselwe ku-NPA.

Imalingeniso kanye nemivuzo emnothweni ngobubanzi kuthikamezekile ngenxa yalokhu okwabikezelwa kuSabiwomali sangoNhlolanja kowezi-2023. Imali eqoqwe kuntela yesikhashana yemalingeniso yenkampani ikakhulukazi embonini yezimayini yehlile ekupheleni kukaNhlangulana 2023 okuholele ekuncipheni kakhulu kunokulindelekile uma kuqhathaniswa nesilinganiso seSabiwomali sowezi-2023. Yize kunjalo, umvuzo ungaphezulu kwalokhu obekulindelekile embonini yezimali (phakathi kokunye) ikwazile ukweseka intela yesikhashana yemalingeniso yenkampani kanye neyentela yezabelo eqoqiwe. Izimboni ezikhombise ukukhula zibandakanya – eyeziMali ngo-7.8% ovele emathubeni emisebenzi kanye nakumasheya, umphakathi ngo-6.8% ovela ekunyukeni kwemiholo yonyaka (ikakhulukazi kuhulumeni) nakukho konke okuthengisiwe ngo-6.2% - ovela kakhulu ezitolo nasezimotweni.

Ngale kwemali eqoqiwe enika ithemba, imali eqoqiwe yentela emalini ecozuliwe kuze kube manje isathikamezeka kakhulu ngenxa yezingqinamba ezithile, kuleli nasemhlabeni wonke. Embonini yemayini umkhiqizo wehle ngo-55% ngenxa yokungafuneki kakhulu kwamalahle. Lokhu kuhlanganisa ukuphazamiseka kotshalomali kanjalo nokungafakwa ngokwanele kotshalomali kuhleloxhumano lwamaloli nokuthuthwa kwempahla, okugugule kwenza umnotho waseNingizimu Afrika wangakwazi ukuncintisana neminye.

Ukuhlinzeka kukagesi okuphazamisekayo nokunganele kuselokhu kuyikho okubangela ukuthikamezeka ekukhiqizeni, kutshalomali, nasekuntulekeni kwemisebenzi. Ukunyuka kokwehla nokunyuka kwamazinga amandla emali kufaka ingcindezi kuncitho yemindeni ngoba kwenyusa izindlela zokuphila. Ukukhula emhlabeni wonke kuphinde kwehla ezinyangeni ezedlule. Amabhange amakhulu aseyawuzwa umthelela wokunyuka nokwehla kwamandla emali ngokuthi nawo asebenzise izinqubomgomo zokuzama ukufaka unswinyo ezimalini isikhathi eside kunalokhu okubhekiwe nokunomthelela omubi emazweni asathuthuka. Kusekhona ubungozi obuthile emhlabeni wonke, kubandakanya ukunyuka kokungazwani kwezombusazwe zamazwe, okuholela ekubeni nesidingo esikhulu sokweseka ukukhula komnotho wakuleli khona lapha ekhaya.

USARS uzinikele ekubhekaneni nasekunciphiseni umthelela wobungozingqangi ngendlela osingatha ngayo intela kanye nemali eqoqwa ekuphathweni kwempahla emngceleni okufana nokucimakonga ugesi kanye nokunswinya ezinye izinsizakusebenza zangaphakathi. USARS uzimisele nokuqhubeka ukhulise ukutholakala kwentela nokuqinisekisa ukuthi abakhokhintela bayayithobela imigomo yentela ngenhloso yokuqoqa yonke imali yentela okumele iqoqwe.

UKhomishana wakwaSARS uthe “Ukudla umhlanganiso kwama-Springbok ngoMgqibelo kudlulisa umyalezo osemqoka kodwa olula – wokuthi iphuzu ngalinye lenza umehluko omkhulu phakathi kokudla umhlanganiso nokuhlulwa. Yize bekubukeka embozwe yifu elimnyama elingenafu ama-Springbok, kudingeke ukuba bazame ngabanye ukubambisana ukuze baphumelele lapho kade kubukeka kungeke kwenzeke khona. Ngakho-ke kulele kithi sonke njengabantu baseNingizimu Afrika ukuthobela umthetho njengama-Springbok futhi singanikezeli kuze kukhale impempe yokugcina”.

Ukuba yisakhamuzi kusalokhu kuyisisekelo ekwakheni isizwe, kanti nokuthobela ngokuzithandela kukhombisa ukubaluleka kokubambisana phakathi kukaHulumeni nabantu bakhe. USARS uyabonga kakhulu kubo bonke abakhokhintela abanegalelo ekulekeleleni iNingizimu Afrika futhi uxwayisa labo abangakushayindiva ukwakha isizwe.

**#Your tax matters**

Ngolwazi olwengeziwe xhumana ne- SarsMedia@sars.gov.za